**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesithathu)**

**ISIKHATHI: 2½ Amahora**

**IMIKLOMELO: 120**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B noC.
- Esigabeni A uphendula umbuzo owodwa.
- Kusigaba B uphendula ibe mibili.
- Kusigaba C uphendule owodwa.
- Fundisisa umbuzo ngaphambi kokuba uphendule.
- Izimpendulo maziphawulwe ngendlela efanele.
- Lowo nalowo mbuzo mawube nesihloko esifanele.
- Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.


## ISIGABA A

### UMBUZO 1
### UMBHALO-BUCIKO


Khetha isihloko ESISODWA ubhale indaba igcwale amakhasi AMABILI.

1.1 Ukuganana kowesilisa nowesilisa noma owesifazane nowesifazane.

1.2 Buka umfanekiso ongezansi bese ubhala ngomsebenzi wezintatheli emphakathini.



1.3 Buka umfanekiso ongezansi bese ubhala indaba. Nikeza indaba yakho isihloko.



1.4 Njengomfundi osebangeni eliphezulu, qwashisa umphakathi ngalo mfanekiso ongezansi. Bhala indaba ngaso lesi sihloko esisemfanekisweni.




1.5 Okwami okwezandla...

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2
### IMIBHALO EYEDLULISA UMLAYEZO


Khetha isihloko ESISODWA ubhale incwadi ugcwalise ikhasi ELILODWA vo.

2.1 Uyafisa ukuthi nawe ngelinye ilanga ufane nalaba bafundi abakulo mfanekiso ongezansi. Bhalela uSomabhizinisi wangakini **incwadi** umcele akuqhube ezifundweni zakho.



**NOMA**

2.2 Usungomunye wabaculi abafutha izimfijoli kulesi sithombe esingezansi, kanti wawukade ungenandaba nomculo. Bhalela umngane wakho **incwadi** umazise ukuthi nenzani, nokuthi ugqozi lwakufikela kanjani, nini.




**[20]**

**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale kugcwale ikhasi ELILODWA vo.

3.1 Nasi isithombe samalunga ezepolitiki lapho kade kudingidwa khona udaba lokuqembuka kwamalunga eqembukela kwamanye amaqembu. Wena bewuthamele lowo mhlangano. Bhala **amaminithi** alowo mhlangano.



**NOMA**

3.2 Bhalela abezenhlalakahle **imemorandamu** ubeke uvo lwakho ngalesi senzo esikulo mfanekiso ongezansi wokuhushulwa kwezisu.



[20]

**UMBUZO 4**

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo, ubhale ngaso, kuphelele **ekhasini ELILODWA**.

4.1 Bhala uhlelo lwakho lokuzazisa (CV) luphelele ekhasini ELILODWA.

4.2 Yenza uhlaka lwesikhahlamezi (Fax), wazise uyihlo ngecala olenzile esikoleni, okumele azolethamela ngokushesha. [10]

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [50]**

## ISIGABA C

Phendula umbuzo OWODWA vo kulesi sigaba

**UMBUZO 5**
**UBUCIKO BOMLOMO**

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* - C.T. Msimang**

5.1 Phendula le mibuzo:

5.1.1 Bubaluleke ngani ubuciko bomlomo? (3)

5.1.2 Nikeza izibonelo ezintathu zezinkondlo zomdabu. (3)

5.1.3 Yini izibongo? (2)

5.1.4 Shono ukuthi leyo naleyo nganekwane echazwe ngezansi inhloboni.

(a) Ekhuluma ngokudabuka kwezinto futhi ethinta inkolo, uMvelingqangi kanye nabantu bakhe. (1)

(b) Exoxa ngezimpi, ngofuduko kanye nokuxabana kwezizwe. (1)

5.1.5 Le nganekwane ethi "inja nekati" iyinsumansumane. Shono izimpawu ezibonisa lokho. (5)

5.1.6 Zibaluleke ngani izaga? Nikeza okune. (4)

5.1.7 Shono umahluko okhona phakathi kwesisho nesaga. (3)

5.1.8 Yini isiphicaphicwano? (2)

5.1.9 Ngabe yini usizo lweziphicaphicwano? Shono okune. (4)

5.1.10 Nikeza izaga ezimbili eziphathelene nezitshalo. (2)
**[30]**

**NOMA**

5.2 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

**Inkosikazi Esenyangeni**

Kwesukesukela inkosikazi. Le nkosikazi yabe ilikholwa elinguMkhrestu. Yabe inomntwana oyedwa osemncane. Nakho-ke sekwenzeka lusuku lumbe ithole ukuthi ayizithezanga izinkuni ngoMgqibelo. Pho manje ngoba yiSonto nje izokwenzenjani? Iwazi kahle umyalelo wesine othi: "Khumbula usuku lweSabatha ulugcine lube ngcwele. Ungasebenzi ngalo nakanye..." Ibone nje ukuthi cha, izalelwe yinja endlini phela uma kunje. Iyakhala ngapha ingane, ifuna idokwe layo.

Isiqunge isibindi inkosikazi. Ithathe umntwana imuthi khwaxe emhlane. Ithathe isibopho iqonde ehlathini. Nempela ifike itheze. Kanti liyayibona iso laphezulu elingafihlelwe lutho. UNkulunkulu anqume ukuthi nakanjani kumele ayijezise le nkosikazi ngokwephula kwayo umthetho wesine emithethweni eyishumi. Nempela ayithathe nomnyaba wayo wezinkuni kanye nomntwana emhlane, Aye ayoyithi phahle ebusweni benyanga. Nempela ifike inamathele lapho.

Ngisho nanamuhla lokhu, uma inyanga idilingene, uyoyibona inkosikazi ibelethe umntanayo, ithwele inyanda yezinkuni ekhanda, isize yaba yithunzi ebusweni benyanga.

Cosu, cosu!
Iyaphela-ke.

5.2.1 Phawula ngalokhu okulandelayo kule nganekwane:

(a) Isakhiwo. (12)
(b) Abalingiswa. (9)
(c) Indikimba noma isifundo. (9)
**[30]**

**NOMA**

## UMBUZO 6

IZINDABA EZIMFISHANE NAMA-ESEYI

***Umlabalaba* - O.E.H.M. *Nxumalo***

6.1 Funda lezi ziqeshana ezilandelayo, bese uphendula imibuzo engezansi:

**Isiqeshana A**

> Ibhasi lilokhu lihambe njalo. Iyantwela ingqondo yesiququmadevu esinguMtshali. Namuhla uMtshali ukhumbula kudala esasebenza eGoli lo mgwaqo ungakabi nanetiyela. Kwakubugqugqugqu. Kodwa kubona kwakufana nokuthi bayandiza ngoba babesuka ekuhambeni ngezinyawo. Baya emahhashini. Baya ezinqoleni. Namhlanje usentweza ngebhasi.
> Uya kwelinye iGoli namhlanje. Izolo ubone oyise bephelekezela izingane zabo ziyofuna imisebenzi. Kwakukhona nento okwakuthiwa yikunyathela noma ukuyogxoba. Lokho kwakusho ukuyofuna imvume yokuyosebenza eGoli. Umuntu imvamisa wayenika ubufakazi ukuthi usesitholile isikhala enkomponi ethile bese evunyelwa-ke ukuya eGoli. Kodwa namhlanje uphelekezela umfana wakhe.

6.1.1 Sithini isihloko sale ndaba? (1)

6.1.2 Balibangisephi oMtshali nomfana wakhe, futhi bayokwenzani? (3)

6.1.3 Ngubani umlamu kaMtshali, futhi wenza msebenzi muni? (2)

6.1.4 Wabe eziphethe kanjani, uMdenjana? (2)

6.1.5 Phawula ngengwijikhwebu ekule ndaba. (6)

6.1.6 Shono igama lendoda eyabe ihambisana noMtshali ukuya ekolishi. (1)

**[15]**

**Isiqeshana B**

> **UNEMBEZA**
>
> **NG Sibiya**
>
> "Ngempela makoti, ngiyafunga. Ngeke ngize ngikuthole ukuphumula kwengqondo nomphefumulo uma engakatholakali lo muntu owenze lokhu. Ngeke ngize ngiphumule..." Libindeke ikhehla. Ligobodise. Kugobhoze izimpophoma zezinyembezi. Umkhono wejazi leli elilokhu lizesula ngalo usuze wamanzi te.
> "Ngizwe kahle mntanami. Kangiqondile ukulokhu ngikuthunuka amanxeba. Ngiyazi ukuthi kakulungile ukuthi ngilokhu ngikhuluma kanje uma izinto sezinjena. Into nje ngenziwa ubuhlungu. Kubuhlungu mntanami lokhu engikuzwayo. Kubuhlungu..." Likhale futhi ikhehla. Lisukume. Licoshe ubhoko. Lidondolozele lize liyophuma emnyango. Lime phakathi nephaseji. Ligqolozele phansi isikhathi eside. Ngesikade liphenduke, libuyele esihlalweni ebelihleli kuso.

6.1.7 Ngokwazi kwakho indaba, ikhehla labe likhalelani? (2)

6.1.8 Wabulawa ngubani uDaluxolo futhi kanjani? (4)

6.1.9 Yini eyaba yindida ngokufa kuka Daluxolo? (2)

6.1.10 Shono igama nesibongo sikankosikazi kaDaluxolo. (2)

6.1.11 Uthi wayekuphi uNkosikazi kaDaluxolo ngenkathi uDaluxolo eshona? (2)

6.1.12 Lase linqume ukwenzani ikhehla mayelana nalowo ongasiza ngomkhondo wombulali? (2)

6.1.13 Ubeya kuphi uDaluxolo uma ezobulawa? (1)
**[15]**

**NOMA** **[30]**

6.2 Hluza le ndaba emfishane ethi "Impimpi" ngaphansi kwalezi zihlokwana:

6.2.1 Ukudingida isigameko esisodwa (8)
6.2.2 Ukuqoqana (6)
6.2.3 Isikhathi nendawo (5)
6.2.4 Abalingiswa (5)
6.2.5 Isiphetho (6)

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [30]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 120**

**ISIPHETHO**